ZULU

# 2017 BUDGET
# UMKHOMBANDLELA WOLUNTU

Leliphephandaba likhishwe nguMnyango Wezezimali nenhlangano Eqoqa Intela (Sars)

**ISSUED BY:** National Treasury
Tel: (012) 315 5757
www.treasury.gov.za

national treasury
Department: National Treasury
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

## YINI ISABELO SEZIMALI?

Njalo ngonhlolanja, uNgqongqoshe wezezimali wethula izinhlelo zeminyaka emithathu elandelanayo zesabelo sezimali, ukuqoqwa kwentela kanye nokwebolekwa kwemali ezimakethe zezimali kuleli naphesheya kwezilwandle. Ungqongqoshe uphinde achaze indlela okuhloswe ngayo ukusetshenziswa kwemali eyabelwe iminyango kahulumeni wesizwe, ohulumeni bezifundazwe kanye namantshontsho atholwa omasipala.

## OKUQUKETHWE



2

1. Umyalezo kangqongqoshe
2. Ukukhuthazwa kokutshalwa kwezimali nokudalwa kwemisebenzi
3. Bayisebenzisa kahle kanganani imali omasipala



3

1. Ukuxhaswa kwabalimi
2. Ukuxhasa labo abampofu
3. Uyithathaphi imali uhulumeni

4 %

1. Umthelela wezinguquko zentela
2. Izintela ezikhokwayo
3. Ukwenyuka kwentela kaphethiloli
4. Ukwenyuka intela ephathelene nokusetshenzis wa kuka gwayi notshwala

## ! SENZIWANI KANJANI ISABELOMALI?

① Umnyango kaHulumeni ukhipha umkhombandlela oqukethe ulwazi oludingekayo ngesabelomali.
② Iminyango ihlela izinhlelo zayo futhi inikeze indlela ezosebenzisa ngayo imali ekufezekiseni izidingongqangi zoluntu.
③ Izicelo zesabelomali zinikezwa uMnyango Wezezimali bese kuyaboniswana.
④ Amakomidi ezintloko zeminyango abe esexoxa kabanzi ngezicelo zesabelomali ezilethiwe.
⑤ Kwenziwa iziphakamiso noma izincomo kwiKomidi LoNgqongqoshe elibhekene nesabelomali.
⑥ Kuba khona isitatimende sesabelomali esenziwa phakathi nonyaka esona sinika izinkomba zesabelomali sokuqala konyaka.
⑦ Bese kuthi isigungu sekhabinethi senze izinqumo ngokuthi izokwabiwa kanjani imali.
⑧ Kulungiswa izincwadi zesabelomali.
⑨ Isabelomali luyethulwa ePhalamende.
⑩ IPhalamende libe selicubungula isabelomali bese isamukela.
⑪ Isabelomali sibe sesithunyelwa kuMongameli asisayinde ngokusemthethweni.



# IZINGUQUKO ZOMNOTHO EZINQALA EZIHLANGANISA WONKE UMUNTU KWINTUTHUKO

UHulumeni use sungule amasu okudlondlobalisa umnotho kanye nesabelomali esingakhula ukuze abantu bazuze esikhathini eside esizayo. Isabelomali sonyaka u-2017 sihlose ukwehlisa izikweletu zikaHulumeni ngokuboleka imali eyingcosana.

Uzimisele futhi uHulumeni ukuphokophela ukuthi kuphuculwe ukuletha izidingongqangi nendlela ekusetshenziswa ngayo imali.

Kulindeleke ukuthi umnotho udlondlobale eminyakeni emithathu ezayo. Umnotho ubukhula nje ngamaphesenti angu 0.5 ngonyaka ka2016 kodwa kulindeleke ukuthi ukhule ngamaphesenti angu 1.3 ngonyaka ka 2017, ukuze ukhule ngamaphsenti angu 2.2 ngo2019. Lesi simo sokukhula komnotho kwamkelekile kodwa akwanele ukudala amathuba emisebenzi nokulwa nobuphofu. Ukukhula komnotho okuhamba kancane kusho ukuthi uhulumeni uthola encane imali kwintela. Isabelomali sizokwehlisa imali ngamarandi angu 10 bilioni ngo2017/18 kanti ngo2018/19 izokwehla ngamarandi angu16 bilioni. Okuhle nje ukuthi lokhu kwehla asabelweni angeke kuthikameze izinhlelo zoluntu kanye nezomnotho.

> “UHulumeni uzimisele ukuthi izinhlaka zokuthuthukisa umnotho, kanye nokusebenzisana nosomabhizinisi, abasebenzi kanye nomphathakathi, ziqale zisebenze”

Ukuze uHulumeni akwazi ukufeza izidingo zoluntu aphinde futhi asebenzise kahle imali kuzo dingeka ukuthi uhulumeni enze okuningi ngokuncane ngokuphucula indlela yokusebenzisa imali. Ukusebenzisa imali budedengu kanye nenkohlakalo kufanele kuphele nya. Abakhi baseNingizimu Afrika kufanele basize uHulumeni ukwenza lokhu.

UHulumeni kufanele akhe amasu okuqoqa imali yentela. Kulesi Sabelo uhulumeni uphoqeleke ukuthi akhuphule imali yentela ngamarandi angu28 bilioni. Abadla izambane likapondo yibona abozokhokha kakhulu kulokhu. Abantu abamukela ngaphezulu kwamarandi angu1.5 milioni bazokhokha amaphesenti angu45 entela kwiholo labo. Isabelomali sibuye sihlose ukunyusa intela kwimali etholwa abanini bezinkampani uma kwabiwa amankonyane. Yize abacebile bazothwala isabelo esikhulu kulomthwalo, bonke abakhi baseNingizimu Afrika babamba iqhaza kanti futhi kufuneka ukuthi sonke sibambisane.

Indlela yokugwema ukunyusa imali yentela ukukhula komnotho ngokushesha. Lokhu kudinga izinguquko. UHulumeni uzimisele ukuletha izinguquko kwezomnotho hayi nje ukunikeza abantu amabhizinisi namathenda. Inguquko kufanele ifake umfutho emnotweni, ukhuthaze ukutshalwa kwezimali, udale imisebenzi kanye nezinsiza ezizokhuthaza ushintsho kuluntu.

UHulumeni uzimisele ukuthi izinhlaka zokuthuthukisa umnotho, kanye nokusebenzisana nosomabhizinisi, abasebenzi kanye nomphathakathi, ziqale zisebenze. Izinto ezihleliwe ilezi:

- Ukukhulisa uxhaso lo somabhizinisi abancane
- Ukuhambisa ugesi, ukutshalwa kwezimali kanye nemisebenzi okuthe xaxa, ngohlelo lwama IPPs oluphehla ugesi ngokuzimele
- Ukubuyekezwa kwemigomo yokuthenga kukaHulumeni ukuze kukhuliswe amabhizinisi kanye namathuba emisebenzi kubantu abampisholo nabesifazane
- Ukuphakamisa ukwethembeka kwezinto zokuthutha umphakathi, okufaka phakathi kwazo izitimela kanye nohlelo lwamabhasi athutha ephindelela.

Umphakathi ungabamba iqhaza ngokuthi uqinisekise ukuthi abaholi benza okufanelekile bese behlaba umkhosi uma bebona noma bezwa ukukhwabanisa, uma kuphathwa kabi noma kuntshontshwa imali kaHulumeni. Uma sibambisene singenza iNingizimu Afrika ibumbane, igugule umnotho ukuze kuzuze bonke abantu futhi sakhe ikusasa elincono ■



2017 People's Guide_Zulu_09.indd 1 2017/02/18 11:53 AM



# UMLAYEZO KANGQONGQOSHE

**Mphakathi wase Ningizimu Afrika, ezomnotho kanye nezepolitiki ezweni lethu zise ngcupheni. Lokho kusho ukuthi asikwazi ukwenza izinto nje ngenjwayelo. Ukuze umnotho ube ncono ngokwanele kuzofanele kuthathwe izinyathelo ezinqala kushintshwe nendlela esenza ngayo izinto.**

Labo abathathe konke kwezohwebo kanye nezinga eliphezulu lokungalingani emhlabeni okubangela ukwentuleka kwamathuba emisebenzi kusho ukuthi kufanele kube nezinguquko ukugwema izinga eliphansi lokukhula komnotho. Ukukhula komnotho okuhlanganisa wonke umuntu kudingeka ngokushesha. Isiminyaminya ezimakethe kunikeza labo abafuna ukwenza imisebenzi yenkohlakalo ithuba lokuthenga abantu kanye nokweba izithunzi zosomabhinisi amakhulu. Le siminyaminya sibonwa nje ngodonga eluvimbela ukungena ezimakethe nasemnothweni wangempela.

Isabelomali kulonyaka sizosetshenziswa ukwakha amathuba okuvulela wonke umuntu emnothweni nokuletha izingunquko. Lokhu kusho ukuthi izinhlelo zethu zizoguqula ezomnotho ngendlela yokuthi iningi libambe iqhaza, hayi nje abambalwa. Uma umnotho udlondlobala uHulumeni uzokwazi ukuqoqa imali eningi kanti futhi kuzodaleka amathuba omsebenzi kubahlali base Ningizimu Afrika.

Izindaba ezimnandi ukuthi sethula lesi sabelomali ngethuba lapho izinkomba zokukhula komnotho zibonisa izinga eliphezulu kunonyaka ka2016. Noma kunjalo, kuningi okusafanele sikwenze ■

# UKUKHUTHAZWA KOKUTSHALWA KWEZIMALI NOKUDALWA KWEMISEBENZI



**UHulumeni uhlose ukuguqula umnotho ngokudala imisebenzi nokwenyuswa kokutshalwa kwezimali. uHulumeni unezinhlelo nobudlelwane nosomabhizinisi zokuthi kukhuthazwe ukukhula komnotho. Lezi zinhlelo zifaka:**

- Ukuxhaswa kwabalimi kanye nalabo abasafufusa ngezinhlelo zamanzi, ukungena ezimakethe zokuthengisa bese kuba uxhaso lwemali
- Ukwenyuswa koxhaso mali nokusiza osomabhizinisi abancane. Amabhizinisi azimele atshale imali engango 1.5 billion wamarandi kwisikhwama sokufundiswa kosomabhizinisi abancane.
- Uhlelo lwe 'Yes Initiative' – nokuwuhlelo lweminyaka emithathu oluzoqheqhesha abantu abasebasha abayisigidi, kusaxoxiswana ngalo phakathi kukaHulumeni, nabasebenzi kanye nosomabhizinisi.
- Ukungena kwe-Independent Power Producers ((IPPs) embonini yokuphehlwa kukagesi kukhuphule ukuhanjiswa kukagesi, lokhu kwenziwe ngokutshala imali engu 194.1 billion wamarandi nokwenziwa imisebenzi ewu 57 000. Ama-IPPs abatshalizimali abazimele abakha iziphehli-mandla zelanga (solar) nezomoya (wind) bese bethengisela uEskom ugesi. UHulumeni unezinhlelo zokuqhubeka nohlelo lwe-IPP bese eludlulisela kwezinye izimboni zamabhizinisi.
- Eminyakeni emithathu ezayo kuzotshwalwa u- R947.2 billion wamarandi kugesi, amanzi nokuthuthwa kwendle, ezokuthutha, ezezindlu, izikole, izibhedlela kanye nemitholampilo ■

# BAYISEBENZISA KAHLE KANGANANI IMALI OMASIPALA

**OMasipala baletha izidingo-ngqangi ezinje ngamanzi nogesi emphakathini kanti futhi baqinisekisa ukuthi amadolobha ayanakelelwa.**

Kusemqoka ukuthi umphakathi uthole ulwazi ngokuthi umasipala wabo uyiqoqa kanjani imali nokuthi uyisebenzisa kanjani. Umphakathi unelungelo lokuphawula ngokuthi izinsiza zizosetshenziswa kanjani ukuphucula izimpilo zabo.

Umnyango Wezezimali kaZwelonke uletha izinguquko zokuthuthukisa ukugcinwa kolwazi oluphathelene nokuphathwa kwezimali zomasipala nokwenza ukuthi umphakathi uluthole kalula. Enyangeni kaMfumfu ku2016, kwasungulwa i-website yezimali zomasipala, phecelezi 'Municipal Money' website www.municipalmoney.gov.za. Le website iqukethe ulwazi ngomasipala ngamunye, njengokuthi, uzinze kuphi lowo masipala, bangaki abantu abawakhele, ubani imeya, kanye nenhloko kamasipala, nokuthi ubani ophethe izimali futhi lezomali zihlanganiswa kanjani, sizetshenziswa kanjani onyakeni. Le website inikeza amathuba wokubona ukusebenza kwezimali zomasipala futhi ukwazi nokuqhathanisa omasipala ngokwezimali.

> " Kusemqoka ukuthi umphakathi uthole ulwazi ngokuthi umasipala wabo uyiqoqa kanjani imali nokuthi uyisebenzisa kanjani "




i-Municipal Money yenza kube lula ukuhlaziya ulwazi bese ikwazi ukuxhumanisa nezinsiza zokufunda. Le website uyakwazi ukungena kuyo ngomakhal' ekhukhwini, ngakho-ke abahlali bangaluthola noma nini noma kuphi ulwazi ngomasipala babo. Lokhu kuzonikeza abahlali amandla okuthi bathathe izinqumo, bahlome ngemibuzo abaphathi bakamisapala kanye nemeya bese bechaza kubahlali ngezinqumo abazithathile ■

# UKUXHASWA KWABALIMI ABAFUFUSAYO KANYE NALABO ABADLONDLOBELE



UHulumeni ehlanganyele nosomabhizinisi kanye neLand Bank basungule iAgriculture Growth Initiative evulela uxhaso kubalimi abafufusayo kanye nabalimi abahwebayo lokuthola imali, amanzi kanye nokungena ezimakethe.

Amazwibela ami kanje:

- ILand Bank iphothula isabelo esisha nemali mboleko engago 1 billion wamarandi ekuhlanganyeleni ne Industrial Development Corporation, amabhange nezinkampani ezibolekisa ngemali ukusiza abalimi bemfuyo kanye nalabo abalima izithelo. Lezi zinhlelo zikhuthaza ulimo oluhwebelana namazwe aphesheya, futhi luzofaka abasebenzi abaningi. Lezi zinguquko zizoletha inguquko enkulu kwezolimo kanye nokuqikelela ukuthi iningi lizobamba iqhaza kwezomnotho.
- IWater Administration System uhlelo lolwazi oluhlose ukwehlisa ukulahleka kwamanzi kumaxhama okunisela. Ngesikhathi lo luhlelo luqalwa eOrange River Water Users Association Irrigation Scheme lwenza ukongeka kwamanzi awu-681 899 m3 ngesonto. Kunezinhlelo esezibekiwe ukuthi kuqalwe ukusebenza lama irrigation scheme nokuzothi kuthuthukise indlela yokusebenza kwamanzi nokwanda kwemikhiqizo.
- Kukhona uhlelo lokukhulisa idamu iBrandvlei ukwenzela ukuthi umsele wedamu ulethe amanzi amaningi. Umsele wamanzi uzonyuswa ngamasenthimitha angu30. Lokhu kuzoletha amanzi okunisela angu 33 million m3 adingekayo ngonyaka ukunisela amahektha angu 4 400 omhlaba. Lokhu kuzodala imisebenzi elinganiselwa ku8000. UHulumeni uzwene nabalimi ukuthi labo abathola la manzi basungule izinhlelo ezizosiza amaphesenti angu50 wabampisholo.
- Ukwehlisa izinkinga ezibhekene nabalimi abancane kungasiza ekukhuliseni umnotho. UMnyango Wezimali kaZwelonke uphenya ngenzindlela zokunikeza abalimi abafufusayo umshwalense okubavikela esimweni esibi somnotho kanye nezinhlekelele zemvelo. Kubhekwe ukuthi uhlelo lokucwaninga luqale ngesigaba sesithathu ku2017 ■

# UKUXHASA LABO ABAMPOFU

Imali exhasa izingane nezimpesheni yalabo abamkantsh'ubovu enye yezindlela yokulwisana nobuphofu. Ngonyaka ka2020 lemixhaso yemali izofinyelela ezinganeni kanye nabadala abayizigidi ezingu-18.1, lokho kufaka izingane eziyizigidi ezingu-12.8 kanye nezaguga eziyizigidi ezingu- 3.6.

Imali yokuxhasa izingane izonyuka ngamarandi anguR25 kanti enikwa izintandane izonyuswa ngamarandi anguR30 ngenyanga kunyaka ka2017/18. Bese kuthi eyezaguga inyuke ngamarandi angu95 ngenyanga.

| 2016/17[1] | 2017/18 |
|---|---|
| **EYEMPESHENI** | |
| R1 505 | R 1 600 |
| **EYABAMINYAKA ENGAPHEZU KUKA-75** | |
| R1 525 | R 1 620 |
| **EYAMASOSHA ASEMNKATSH' UBOMVU** | |
| R1 525 | R 1 620 |
| **EYABAKHUBAZEKILE** | |
| R1 505 | R 1 600 |
| **EYEZINTANDANE** | |
| R890 | R920 |
| **EYABADINGA UKUNAKEKELWA** | |
| R1 505 | R 1 600 |
| **EYOKONDLA IZINGANE** | |
| R355 | R380 |

*1. Imali yesibonelelo elinganisiwe*

# IPHUMAKUPHI LE MALI FUTHI IZOSETSHENZISWA KANJANI NGO 2017/18?

Uhulumeni uqoqa imali ayisebenzisayo ngendlela yentela.

Ngenxa yesimo somnotho esibucayi imali yentela isinciphe kakhulu kunyaka ka2017/18. Ukuze uhulumeni akwazi ukubhekana nezidingo zesizwe sekunqunywe ukuthi uhulumeni ongeze imali ezoqoqwa kwentela edonswa kwabasebenzayo kanye nentela etholakala kwimali etholakala kosomabhizinisi. Kulindeleke ukuthi kuqoqwe izigidigidi ezingu R1 265.5 ngonyaka ka2017/18.

| IMALI EQOQWAYO NGENTELA R Izigidigidi | 2017/18 | % |
|---|---|---|
| EKHOKHWA ABASEBENZAYO | 482.1 | 38.1 |
| EKHOKHWA IZINKAMPANI | 218.7 | 17.3 |
| INTELA YENTENGO (VAT) | 312.8 | 24.7 |
| EPHATHELENE NOHWEBO PHAKATHI KWAMAZWE | 96.1 | 7.6 |
| EKAPHETHILOLI | 70.9 | 5.6 |
| NOKUNYE | 84.9 | 6.7 |
| **ISAMBA** | **1 265.5** | **100.0** |

## IZINDLEKO EZIDEDIYELWE ZIKA 2017/18

| | |
|---|---|
| R243.0 bn | Ezamabanga aphansi emfundo |
| R241.6 bn | Ezokuphatha kwezomnotho |
| R198.7 bn | Ezokuvikela, ezenhlalakahle nokuphepha Komphakathi |
| R195.8 bn | Ukuhlaliswa kwabantu nengqalasizinda kamasipala |
| R187.5 bn | Ezempilo |
| R180.0 bn | Ezobulondolozi bomphakathi |
| R168.4 bn | Ezinye |
| R77.6 bn | Imfundo ephakeme noqeqesho |
| R70.7 bn | Izinsiza zomphakathi |

# 2017 BUDGET | INHLANGANO EQOQA INTELA

SARS At Your Service

## Intela ekhokhwa abasebenzayo

### ZIKUTHINTA KANJANI IZINGUQUKO ZENTELA?

Isabelomali kulonyaka sizoletha izinguquko emalini kwintela eqoqwa kwabasebenzayo. Amazinga aphansi abasebenzi azobekelwa ukuvikela labo abathola iholo eliphansi.

Lokho kusho ukuthi imali efanele yamukelwe umsebenzi ngaphambi kokuthi akhokhe intela izoma kanje:

| IZIGABA ZEMALI | NGONYAKA: 2016/17 | NGONYAKA: 2017/18 |
|---|---|---|
| Ngaphansi kweminyaka engu-65 | R75 000 | R75 750 |
| Iminyaka engu-65 - 74 | R116 150 | R117 300 |
| Iminyaka engu-75 nangaphezulu | R129 850 | R131 150 |

*Amazinga amasha okukalwa ngawo inani lentela ekhokhwayo ahambisana nembuyiselo mali etholwayo ("rebates"):*

| IMBUYISELO MALI | NGONYAKA: 2016/17 | NGONYAKA: 2017/18 |
|---|---|---|
| Yabobonke abakhokh' intela | R13 500 | R13 635 |
| Eyesingezelelo sabeminyaka engu-65 nangaphezulu | R7 407 | R7 479 |
| Esalabo abaminyaka engu-75 nangaphezulu | R2 466 | R2 493 |

## Izintela ezikhokwayo

### IZINTELA EZIKHOKWAYO

Intela ezokhokhwa kulonyaka wentela oyophela ngo-29 February 2018 ikanje:

| ISAMBA SEHOLO ESINGENISA INTELA (R) | INTELA OZOKHOKHWA (R) |
|---|---|
| 0 kuya ku R189 880 | Amaphesenti angu-18 weholo elidonselwa intela |
| Kuska kuR189 881 kuya ku R296 540 | R34 178 kanye namaphesenti angu-26 kwingxenye yomholo ongaphezu kuka-R189 880 |
| Kusuka kuR296 541 kuya ku R410 460 | R61 910 kanye namaphesenti angu-31 kwingxenye yomholo ongaphezu kuka-R296 540 |
| Kusuka ku R410 461 kuya ku R555 600 | R97 225 kanye namaphesenti angu-36 kwingxenye yomholo ongaphezu kuka-R410 460 |
| Kusuka ku R555 601 kuya ku R708 310 | R149 475 kanye namaphesenti angu-39 kwingxenye yomholo ongaphezu kuka-R555 600 |
| Kusuka ku R708 311 kuya ku R1 500 000 | R209 032 kanye namaphesenti angu-41 kwingxenye yomholo ongaphezu kuka-R708 310 |
| Kusuka ku R1 500 001 kuyaphezulu | R533 625 kanye namaphesenti angu-45 kwingxenye yomholo ongaphezu kuka-R1 500 000 |
| Izikhwama zama-trusts | Amaphesenti angu-45 |

#### INTELA YEZINKAMPANI

Iminyaka yentela ephela phakathi kuka 1 Mbasa 2017 no 31 Ndasa 2018.

| Uhlobo | Isilinganiso sentela |
|---|---|
| Izinkampani | Amaphesenti angu-28 wenzuzo ekhokha intela |

#### INTELA YA MABHIZINISI AMANCANE

Iminyaka yentela ephela phakathi kuka 1 Mbasa 2017 no 31 Ndasa 2018.

| Inzuzo ekhokha intela | Isilinganiso sentela |
|---|---|
| 0 – 75 750 | Amaphesenti angu-0 wenzuzo ekhokha intela |
| 75 751 – 365 000 | Amaphesenti angu-7 wenzuzo ekhokha intela engaphezu kuka-R75 750 |
| 365 001 – 550 000 | R20 248 kanye namaphesenti angu-21 wenzuzo ekhokha intela engaphezu kuka-R365 000 |
| 550 001 kuyaphezulu | R59 098 kanye namaphesenti angu-28 wenzuzo ekhokha intela engaphezu kuka-R550 000 |

#### INTELA YA MABHIZINISI AFUFUSAYO

Iminyaka wentela ephela phakathi kuka 1 Ndasa 2017 no 28 Nhlolalanja 2018.

| | |
|---|---|
| 0 – 335 000 | Amaphesenti angu-0 wenzuzo ekhokha intela |
| 335 001 – 500 000 | Amaphesenti angu-1 wenzuzo ekhokha intela engaphezu kuka-R335 000 |
| 500 001 – 750 000 | R1 650 kanye namaphesenti angu-2 wenzuzo ekhokha intela engaphezu kuka-R500 000 |
| 750 001 kuyaphezulu | R6 650 kanye namaphesenti angu-3 wenzuzo ekhokha intela engaphezu kuka-R750 000 |

## Intela ye gwayi notshwala

### UKWENYUKA INTELA EPHATHELENE NOKUSETSHENZISWA KUKA GWAYI NOTSHWALA

| | KUZOKWANDA: |
|---|---|
| Ubhiya odidiyelwe ngomthombo | Amasenti angu12 ithini elingu 340ml |
| Iwayini | Amasenti angu23 ibhodlela elingu 750ml |
| Iwayini eliphekwe nogologo | Amasenti angu26 ibhodlela elingu 750ml |
| Iwayini elihlohlozayo | Amasenti angu70 ibhodlela elingu 750ml |
| Utshwala obuvutshelwe ngezithelo | Amasenti angu12 ibhodlela elingu 340 ml |
| Ugologo | Amarandi amane namasenti angu-43 ibhodlela elingu 750ml |
| Usikilidi | Irandi eyodwa namasenti angu-6 iphakethe le 20 |
| Ugwayi oshukwayo | Irandi eyodwa namasenti angu-19 iphakethe le 50g |
| Ugwayi oshukwayo wenqawe | Amasenti angu 40 iphakethe lika 25g |
| Ugwayi wesigazu | Amarandi ayisithupha namasenti angu58 kwisisindo kisa 23g |

## Ezentela kaphethiloli

### UKWENYUKA KWENTELA KAPHETHILOLI KANYE NEZINGOZI ZEMIGWAQO

Intela kaphethiloli izonyuka ngamasenti angu-30 ilitha mhla ziwu 6 kuMbasa 2017. Lokhu kuzokhuphula ukwenyuka kwentela kaphethiloli ifike amarandi amatathu namasenti angu-15 ilitha bese idizili wona ube amarandi amatathu ilitha.

## Intela yokuqguquguzela ezempilo

### INTELA KWIZIPHUZO EZINOSHUKELA

Kulonyaka kuzoqala intela kwiziphuzo ezinoshukela, lokhu kuzokwenza maduze uma sekuphasizwe umthetho weCustoms and Excise Act. Intela kashukela izoba amasenti angu-2.1 i-gram ngalinye kushukela owedlule ku-4 gram kwisiphuzo esiwu 100ml.

## Intela yentengiso kwizindlu nomhlaba

### UKWEHLA KWENTELA YENTENGISO KWIZINDLU NOMHLABA

Kusukela ngomhlaka 1 kuNdasa 2017 intela izoba ngu-0 amaphasenti kuR900 000 wokuqala kwintengiso yendlu noma umhlaba. Ngaphambi komhlaka 1 kuNdasa 2017 uR750 000 wokuqala kwintengiso yendlu noma umhlaba yayi ngu-0 wamaphesenti.



2017 People's Guide_Zulu_09.indd 4 2017/02/18 11:53 AM